In accordance with International Copyright laws, materials supplied by Jisani Digitrack may only be used for internal review, analysis or research purposes and may not be reproduced or sold in any format.

Izintokazi zizotheleka kuleli emncintiswaneni ka-Miss World

NOLUTHANDO MKHIZE

SEKUBALWA izinsuku ngaphambi kokuthi izintokazi ezinhle zomhlaba zitheleke eNingizimu Afrika emncintiswaneni ka-Miss World.

Abahleli balo mcimbi bathi konke sekumi ngomumo njengoba izintokazi eziqhamuka emazweni angaphandle zizotheleka ngobuningi bazo kule mpelasonto.

Indumezulu yalo mcimbi izobe ise-Sandton Convention Centre, eGoli, ngoDisemba 13 lapho kuyokhethwa khona intokazi enhle emhlabeni wonke.

Lezi zintokazi ngeke zizinze kwaNdongaziyaduma kuphela kodwa zizophinde zitheleke nakwelikaBhanana ekupheleni kwale nyanga.

Lezi zintokazi ziyobe zivakashele iTheku embukisweni wengqephu.

UNksz Lindiwe Mahlangu, oyisikhulu esiphezulu se-Joburg Tourism, uthe ukuba khona kwalo mcimbi ngeke kuhlomulise ezokuvakasha kuphela.

"Ngisho nosomabhizinisi abancane bazohleka ngokuza kwalo mncintiswano njengoba kusetshenziswe izinkampani zaseNingizimu Afrika ukuwuhlela," kusho yena.

UMiss South Africa, uTansey Coetzee, nguye ozobe emele i-Ningizimu Afrika kulo mbango wesicoco.

UNksz Mahlangu uphinde waveza ukuthi ukuba khona kuka-Miss World kuzophinde kusize izinhlangano zabahlwempu zaseNingizimu Afrika njengoba uMiss World ugxile kakhulu ekuqongeleleni izimali zabantu abahluphekayo.

UTANSEY Coetzee onguMiss South Africa ozobe emele i-Ningizimu Afrika ku-Miss World

Isithombe: AP

Date: 11/14/2008
Page:1 / 1
Author: Noluthando Mkhize
Region: kWAZULU NATAL
Source Name: Isolezwe
Circulation: 94209
SQ CM's: 230
Value: 4636.80
Jisani Digitrack 74 Lonehill Studio Park, Concourse Road Lonehill